# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngesonto 14 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 09. 09. 2012 44/2012

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 266/273

2. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu, Baba osezulwini, siyabonga, ngokuba usihlanganisile phansi kwezwi lakho. Sesiyacela uMoya wakho oNgcwele ukuba asifundise ngezwi lakho, sibe amakholwa ahlala akubonga njalo, asifundise ukubonga esikwenzelwe nguwe izolo, nakho esikwenzelwa namuhla, nakho esiyakwenzelwa kusasa ngaye uJesu Kristu iNdodana yakho ethandekayo, iNkosi, uMsindisi wethu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 8:12-17;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 17:11-19.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 261/266

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7.** **Iphistola** ngohlelo lwesine lilotshiwe ku 1 kwabaseThesalonika 1:2-10, lithi: “Sibonga uNkulunkulu njalo ngani nonke, siniphatha emikhulekweni yethu, sikhumbula ngokungayeki isenzo senu sokukholwa, nomsebenzi wothando, nokukhuthazela kwethemba lenu eliseNkosini yethu uJesu Kristu phambi kukaNkulunkulu noBaba wethu, sikwazi, bazalwane abathandiwe nguNkulunkulu, ukukhethwa kwenu ukuthi ivangeli lethu alizanga kini ngezwi kuphela kodwa nangamandla, nangoMoya oNgcwele, nangokwethemba okukhulu, njengokuba nazi ukuthi saba ngabantu abanjani phakathi kwenu ngenxa yenu. Nani naba ngabalingisi bethu nabeNkosi senilamukele izwi ekukhathazekeni okukhulu ngokuthokoza kukaMoya oNgcwele, naze naba yizibonelo kubo bonke abakholwayo eMakedoniya naseAkhaya. Ngokuba udumo lwezwi leNkosi lwaphuma kinina, lwafika, angisho eMakedoniya naseAkhaya kuphela, kepha ezindaweni zonke lapho ukukholwa kwenu nguNkulunkulu kuphumele khona; ngakho asisadingi ukukhuluma lutho. Ngokuba bona uqobo balanda ngathi ukuthi kwaba njani ukungena kwethu kinina nokuthi naphendukela kanjani kuNkulunkulu, nishiya izithombe, ukuba nikhonze uNkulunkulu ophilayo oweqiniso, nilindele iNdodana yakhe ivela ezulwini, ayivusa kwabafileyo, uJesu osihlangulisa olakeni oluzayo.” Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, isonto lanamuhla leshumi nane emva komkhosi wobuThathwemunye liyisonto elisikhumbuzayo ukunamathela kuNkulunkulu ngokumbonga njalo. Kwenzeka kanjalo ngezwi leviki, nangamaculo esihlabelelo sekerike ngokobuLuthere, nangamazwi kaNkulunkulu amiselwe lelisonto. Izwi leviki lithi: “Mbonge uJehova, mphefumulo wami, ungakhohlwa imisebenzi yonke yakhe yomusa!” Ngevangeli lesonto siyezwa ngabo ababenochoko, bephulukiswa yiNkosi uJesu, kodwa kwakungoyedwa kuphela obuyele kuye ukumbonga. Ngalelivangeli siyafundiswa ukuthi izipho zokuphulukiswa komzimba abantu

bangazithola, noma bengakholwa eNkosini, kodwa insindiso yokuphila okuphakade yamukelwa kuphela yibo abakholwayo eNkosini enguMsindisi ngokwempela, beyamukela insindiso kuye ngokubonga. Ngephistola elisha siyakhunjuzwa inkazimulo eyobe siyambulelwe ukuba nakulokhu kuphila siyibonge, noma sisahlezi phakathi kwezinhlupheko zalokhukuphila. Izwi likaNkulunkulu elimiselwe libe izwi lentshumayelo yanamuhla, ungathi liyasikhombisa ukuthi umphostoli uPawulu ubonga kanjani okwenzekile eThesalonika ngomsebenzi wevangeli, ngomsebenzi wokubizela abaseThesalonika ekukholweni, nasothandweni, nasethembeni, uthi: “Sibonga uNkulunkulu njalo ngani nonke, siniphatha emikhulekweni yethu, sikhumbula ngokungayeki isenzo senu sokukholwa, nomsebenzi wothando, nokukhuthazela kwethemba lenu eliseNkosini yethu uJesu Kristu phambi kukaNkulunkulu noBaba wethu, sikwazi, bazalwane abathandiwe nguNkulunkulu, ukukhethwa kwenu ukuthi ivangeli lethu alizanga kini ngezwi kuphela kodwa nangamandla, nangoMoya oNgcwele.”

Kungokumangalisayo okwenzekile khona eThesalonika. UPawulu, noSila, noThimothewu babefika khona eThesalonika, bashumayela ivangeli likaJesu Kristu, kodwa emva kwesikhashana kwavuka isiphithiphithi. Kwakudingeka ukuba babaleke khona. UPawulu wazama ukubuyela khona, kodwa wavinjwa nguSathane. Nokho siyezwa ukuthi abaseThesalonika baqinisela ekukholweni nasemsebenzini weNkosi, intshumayelo yevangeli yamukelwa kahle kubo. Ukukholwa kwabo nguNkulunkulu kuphumele ezindaweni eziningi, baphendukela kuNkulunkulu, bashiya izithombe, onkulunkulu mbumbulo, bakhonza uNkulunkulu ophilayo oweqiniso, balindela iNdodana kaNkulunkulu ivela ezulwini, ayivusa kwabafileyo, babheka ngethemba elikhulu usizo olukhulu lukaJesu oyakubahlangulisa olakeni oluzayo. UPawulu akakhulumi ngezinhlupheko zakhe zokuxoshwa eThesalonika, nokuvinjwa ukubuyela khona, kodwa uyabonga ukuthi iNkosi iqhubile umsebenzi wayo eThesalonika.

Yikho esithanda ukukwamukela kuye namuhla ukuba nathi, noma sihlushwa ngobunzima, ngezihluku, ngobumpofu, ngezinhlupheko eziningi kulesosikhathi sethu, nathi singakhohlwa ukubonga uNkulunkulu, ukumbonga ngakho esikwenzelwe nguye izolo, nokumbonga ngakho ezikwenzelwa nguye namuhla, nangakho esikuthenjiselwe ukuthi siyakwenzelwa nguye kusasa. NaseThesalonika kwakungahambi ngendlela elula maqondana nokukholwa kwabo. UPawulu uyakhuluma ngesenzo sabo sokukholwa. Uyakhuluma ngomsebenzi wabo wothando. Uyakhuluma nangokukhuthazela kwethemba labo. Asazi ukuthi kwakungubunzima obunjani ngokwempela kubo, kodwa siyezwa ukuthi babebekezela ekukholweni, baqhubeka othandweni, nasethembeni, baqhuba umsebenzi wevangeli ukuba izwi leNkosi lidunyiswe yibo, liphume kubo, lifike, kungabi eduze kwabo kuphela eMakedoniya naseAkhaya, kepha laphumela lasuka kubo laya ezindaweni zonke. Okusho ukuthi izinhlupheko nezinkathazo ezinkulu asinakuvimba amakholwa ukuhambisa ivangeli ukuba lifike nasezindaweni ezinye. Okudingekayo kuphela: INkosi imelwe ukuqinisa ukukholwa nothando nethemba kuwo, aze aqhube umsebenzi wayo. Yikho iNkosi ithanda ukukwenza ukuba nathi siqinisele kukho esikuvumayo esivumeni sobuKristu, sibuyele kukho esikufundileyo ekilasini lomqiniso, sikhumbule njalo, sihlale sikubonge njengalokhu sivuma ukuthi: “UMenzi wethu uyasabela kakhulu imihla ngemihla konke okuswelekayo emzimbeni nasekuhambeni kwethu, uyasivikela ezingozini zonke, asilinde, asilondoloze ngokuvimba konke okubi.” “UJesu Kristu iNkosi usihlengile, wasizuza kuzo izono zonke, nakukho ukufa, nakuwo amandla kaSathane ukuba sibe ngabakhe impela, sihlale phansi kwakhe embusweni wakhe, simkhonze ngokulunga nangobumhlophe, nangokuthokoza okuphelele okungapheliyo.” “Usasithethelela kakhulu thina kanye namakholwa onke imihla ngemihla izono zonke, nangosuku lokuphela uyakusivusa thina kanye nabafilayo bonke, asabele thina kanye nabo bonke abakholwayo nguKristu ukuphila okuphakade.” “Ngakho konke lokhu kufanele simbonge,

simdumise, simkhonze, simlalele." Ngalendlela kwenzeka ukuba sihlanganise ngokufushane esikufundile, esikukholwayo njengokusho kwesivumo senkolo yobuKristu. Lezipho zikaNkulunkulu ezinkulu aziphuphuthekisi amehlo ethu ukuba singabe sisabona ubumpofu, nezinkathazo, nokuhlupheka kwabampofu, kweziguli, kwabahlubukileyo, nabo omakhelwane abahlushwa ngakho. Qha-ke lezizipho ziyavula amehlo ethu ukuba sibone lobubuhlungu obukhulu, nokuvula izinhliziyo zethu ukuba sihawukele abahluphekayo kabi, sizame ukubasiza ngezipho esizamukele kuNkulunkulu.

Konke lokhu okuhle akusho izinsuku ezilula nje, akusho izinsuku zentokozo kuphela. Ivangeli likaKristu lithanda ukusikhombisa amandla alo kakhulu ezinhluphekweni, njengalokhu sizwa ngezwi lentshumayelo yanamuhla ukuthi: "Ivangeli lethu alizanga kini ngezwi kuphela kodwa nangamandla, nangoMoya oNgcwele, nangokwethemba okukhulu, njengokuba nazi ukuthi saba ngabantu abanjani phakathi kwenu ngenxa yenu. Nani naba ngabalingisi bethu nabeNkosi senilamukele izwi **ekukhathazekeni okukhulu** ngokuthokoza kukaMoya oNgcwele." Ukuthokozela umsebenzi wevangeli kuvela kakhulu ekwethembeni ngokwazi ukuthi izinhlupheko nobumpofu nakho konke okunzima kwalokhu kuphila akuyikukhuluma izwi lokugcina. Izwi lokugcina lizokhulunywa yiNdodana kaNkulunkulu ezobuya ukwahlulela abasahambayo nabafileyo. Izobuya ezulwini, isihlangulise thina makholwa ayo olakeni oluzayo, nasezinkathazweni zonke zalomhlaba. Yikho okuyithemba abalikholwa abantu abangamaKristu. Kulithemba elibekiwe phezu kwesithembiso seNkosi esikhulu sokuthi isilungisele indawo enhle enkazimulweni yayo. Kungukuhlanguliswa olakeni oluzayo. Kodwa kubo ababecindezela, nokuhlupha amakholwa, yebo nabanye abantu, UJesu uyaziphindizela kubo. Kuqinisile: Kukhona abadelelayo ulwazi olukhuluma ngolaka oluzayo. Kukhona abazothunyelwa emlilweni olungiselwe oSathane nezingelosi zakhe. Ngithi: Akekho othanda ukuthunyelwa khona ngenxa yolaka oluzayo. Sonke sithanda ukuhlanguliswa olakeni oluzayo. Ngakho lokhu siyalulekwa namuhla nangesiluleko esinye ngaphandle kwaso esithi sihlale simbonge uNkulunkulu, lesinye sithi: Sihlale sibheke ukubuya kweNdodana kaNkulunkulu, ukubuya ezulwini. Yiyo evusiwe kwabafileyo esesifele esiphambanweni nokungcwatshwa elibeni. Yiyo kuphela enamandla ukusihlenga nokusihlangulisa olakeni oluzayo.

Ake siyibonge iNkosi yethu uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ngokuba isihlengile kukho konke okubi ngokusithethelela zonke izono zethu, nangokusilungisela indawo enhle ezulwini. Ake siyibonge njalo ngenxa yakho konke lokhu kakhulu ngokutshela nabanye ukuba nabo bezwe ngoJesu, nabo bahlanguliswe olakeni oluzayo. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu Kristu, siyabonga kanye nomphostoli uPawulu, njengoba usaqhuba umsebenzi wakho wokubizela abantu ekuphendukeni. Mawungadinwa ukusivuselela ukuba nathi sibize abanye, sibabizele ekukholweni, nasothandweni, nasethembeni esikulungiselwe nguwe ngothando lwakho olukhulu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 264/269

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2000/2006/2012 ngu-E. A. W. Weber.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.